HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAMEYI 2016

IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE 8)

IPHEPHA LOKUQALA (PAPER I)

ISIZULU ULUMI LOKUNGEZELELA (FAL)

ISIKHATHI: 2 Amhr. AMAMAKI: 100

IMIYALELO:

- Funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- Landelisa kahle imibuzo njengasephepheni UNGAYIXOVI.
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Funda iphepha LONKE uma usuqede ukubhala.
- Qala isiqephu ngasinye EKHASINI ELISHA.

OKUMHLOPHE KODWA !!!!!

IMIYALELO KUMFUNDI:

- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kokuqala

  ukubhala.

- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze
- uqede kahle ukubhala.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.
- FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.
- ISIQEPHU A

  Isifundo Sokuqondisisa > Imibuzo yaso

- ISIQEPHU B

  Isikhangisi > Imibuzo eqondene naso

- ISIQEPHU C

  Uhlelo

  Ukusetshenziswa kolimi

## ISIQEPHU A

1. Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho **EPHELELE.**

# OSomabhizinisi abasafufusa bayavutha

Ibhizinisi likaSokhele liya kwelenyoni. Waqala kancane namuhla lo mnumzane usebalwa kanye noSomabhizinisi abavelele endaweni yaseThekwini, eMlazi.

UMnumzane uSokhela uvule ibhizinisi elibizwa ngokuthi, "Impilo Yesizwe. Kuleli bhizinisi udayisa izinkukhu namaqanda. Lo msebenzi uwenzela emzini wakhe kwaV, eMlazi. Izinkukhu uzi-oda zisencane epulazini laseMandi bese ezikhulisela zona. Uma sezikhulile zizalela amaqanda.

UMnuz. Sokhela uzithengela ukudla okudliwa izinkukhu ukuze zizalele amaqanda amaningi ngelanga izinkukhu zakhe. Lawa maqanda nawo uwadayisa khona ekhaya. Lokhu kuyamsiza ngoba akakhokhi irenti kanti futhi indawo yakwaV inabantu abaningi abadlula kuyo ngisho abezigceme eziningi zaselokishini laseMlazi. Abantu bathenga ubuthaphuthaphu. Abantu abaningi bafuna izinkukhu namaqanda kaSokhela ngoba **kushibhile** kunasezitolo zaselokishini.

Ibhizinisi likaSokhela lihamba kahle kakhulu futhi wenza inzuzo eningi ngalo. USokhela uthi, uma ethenge izinkukhu zika-R10 000.00 uyakwazi ukwenza inzuzo ka-R5 000.00 uma sekuhlangene namaqanda. Noma zikhona **izimbangi** kodwa yena uphuma phambili ngoba kuyena ku**buthwa phansi** ngenxa yokuthi ubiza kahle, kanti zona **zimba eqolo** ngokudula.

UMnuz. Sokhela usizwa izingane zakhe ngokudayisa kuleli bhizinisi uma ziphuma esikoleni nangezimpelasonto. Zisebenza zize **zivuvukale,** izinyawo zijuluke, zibe manzi te. USokhela uthi uma zisebenza kahle ukuze zijabule nazo uzozinika amasheya ka-25% zizombili. Lokhu kuyazijabulisa ngempela ngoba ziyabona nje ukuthi lokhu kuchaza ukuthi zizoba **izigwili** zisencane. Njalo ngolwesiThathu nangoMgqibelo uSokhela uya kolondoloza imali ebhange laseNedbank, eMobeni. Phela ilona aboleka kulona imali ngenkathi efuna ukuvula leli bhizinisi lakhe. Enye imali ukhokhela ngayo izikhangiso ukuze abantu bazi ngebhizinisi lakhe eMlazi nakwezinye izindawo.

Umphakathi wakwaV uyawuthanda nawo uyamthanda futhi uyawusiza njalo. Uthenge ikilabhu yebhola ukuze **intsha** yakomakhelwane iphephe futhi ingenzi izinto ezimbi endaweni. Uthi usafuna ukuyithuthukisa imidlalo ukuze wonke umphakathi wakwaV usizakale. Phela izandla ziyagezana. Ibhizinisi likaSokhela liya kwelenyoni.

Hamba Sokhele!

uLukhanyo Dlomo

ICASHUNWE ENCWADINI" SIZIQHENYA NGESIZULU" IKHASI 104

1.1 Ubani lo mnumzane okuthiwa unebhizinisi? (1)

1.2 Yini ayenzayo kuleli bhizinisi lakhe? Bhala **OKUBILI** kuphela. (2)

1.3 Libizwa ngokuthini ibhizinisi lika Sokhela. (2)

1.4 Likuyiphi indawo ibhizinisi likaSokhela? (1)

1.5 Kumsiza ngani uSokhela ukusebenzela ekhaya lakhe? Bhala OKUBILI. (2)

1.6 Uma ucabanga waliqambelani ibhizinisi lakhe ngokuthi," Impilo Yesizwe" uSokhela. (2)

1.7 Yini eyenza abantu baseMlazi bathande ukuthenga amaqanda nezinkukhu zikaSokhela? (2)

1.8 Wenzenjani uSokhela ukuze izinkukhu zakhe zizalele amaqanda amaningi? (2)

1.9 UMnuz. uSokhela akafuni izingane zakhe zize ebhizinisini lakhe ngakho-ke uyazixosha. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho. (2)

1.10 Bhala uchaze ngesiZulu esijwayelekile ukuthi loku okubhalwe lapha ngenzansi kuchaza ukuthini.

1.10.1 Bathenga ubuthaphuthaphu. (2)

1.10.2 Izandla ziyagezana. (2)

1.11 Phendula ngokuthi **IPHUTHA** noma **IQINISO** emshweni elandelayo.

1.11.1 Izimbangi ngokwendaba abantu abanebhizinisi elifana nelikaSokhela.

1.11.2 Izingane zikaSokhela azikujabuleli ukusebenza nobaba wazo.

1.11.3 USokhela imali uyibeka ekhaya lakhe.

1.11.4 Imali aqala ngayo ibhizini wayithatha kubaba wakhe uSokhela.

1.11.5 Endaweni yalapho kuhlala khona uSokhela kukhona iklabhu yebhola. (5)


1.12 USokhela wenzenjani ukuze ibhizinisi lakhe laziwe. (1)

**[26]**

## ISIQEPHU B

1.Funda isikhangisi osinikeziwe bese uphendula imibuzo ngemisho

**EPHELELE.**




IsiZulu Soqobo 9 Ikhasi 137

1.1 Yini le ekhangiswayo la? (1)

1.2 Kuthiwa yini eyenziwa iloku okukhangiswayo la? Bhala kube KUBILI. (2)

1.3 Uyavumelana yini nokuthi iphatheka kalula le nto ekhangiswayo la? Bhala isizathu ESISODWA esenza uthi uyavumelana nombono. (2)

1.4 Uma ubukisisa le selula ekhangiswayo kubhalwe ukuthi isikhathi sini kuyona? (2)

1.5 Kusho ukuthini ukuthi le selula ithwebula izithombe? Bhala umusho OWODWA. (2)

1.6 Wena ungayithenga yini le selula. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho ngephuzu AMABILI. (3)

**[12]**

## ISIQEPHU C

1. Funda le ngxoxo bese uphendula imibuzo oyibuziwe kuyona ngemisho **EPHELELE**




| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | UVuyiswa yini le athi umama wakhe uyithandile?. | (1) |
| 1.2 | Ubelithengela bani uVuyiswa ikhadi likaNomvelo? | (1) |
| 1.3 | UVuyiswa uthi ubani lo ozoba nosuku lokuzalwa? | (1) |
| 1.4 | Kusho ukuthi kufanele alithole nini (ngolwesingaki) ikhadi likadadewabo uVuyiswa kuNomvelo njengoba ethi uzalwa ngoLwesithathu nje? | (2) |
| 1.5 | Bhala imisho yakho ngamabizo amabili athathwe engxoxweni kaVuyiswa noNomvelo. Imisho ingafani naleyo esengxoxweni. | |
| 1.5.1 | Ikhadi | (2) |
| 1.5.2 | Usuku | (2) |
| 1.6 | Iluphi usuku athi uNomvelo akalwenzele lona amakhadi uVuyiswa? | (1) |

**[10]**

2. Emishweni elandelayo shintsha amagama abhale ngokunzima uwenze abe izabizwabizwana ezibhalwe ezikokeleni. **DWEBELA** isabizwana emshweni owubhalile.

**Isibonelo:** **(A) (i)** UMnuz. **Sokhela** udayisa izinkukhu. (soqobo)

**(ii)** UMnuz. yena udayisa izinkukhu.

**Isibonelo: (B)** **(i)** **Izinkukhu** ezincane uzithenga epulazini. (sokukhomaba eduze.)

**(ii)** **Lezi zinkukhu** ezincane uzithenga epulazini.

2.1 Kukhona **abantu** abaqashwe uSokhela ebhizinisini. (isabizwana soqobo) (1)

2.2 **Umsebenzi** awenzayo uSokhela wawufundiswa ubaba wakhe. (sokukhomba kude) (1)

2.3 Zidayiselwa nguye **izitolo** zaseMlazi amaqanda. (sokukhomba buqama) (1)

2.4 **Umfana** omdala kaSokhela usebenza eKapa. (sokukhomba eduze) (1)

2.5 **Umphakathi** waseMlazi uyamazi ukuthi uwusizo uSokhela. (isabizwana soqobo) (1)

**[5]**

3. Bhala izivumelwano zenhloko ezifanele emshweni elandelayi ukuze izwakale kahle.

**Isibonelo**: (i) Ibhizinisi lokufuya izinkukhu ...yaphumelela.

(ii) Ibhizinisi lokufuya izinkukhu __li__yaphumelela.

3.1 Izingane zesikole ...thenga amazambane athosiwe.

3.2 Abazali abaningi ...yabathanda abantwana babo.

3.3 Ubuhlalu obumhlophe ...dayiswa izangoma.

3.4 Udonga lwasesikoleni ...dilizwe imvula.

3.5 Isikhova kuthiwa ...lala emini sivuke ebusuku.

3.6 Ikati ...phuze lonke ubisi lwengane.

**[6]**

4. Shintsha amabizo alandelayo abhalwe ngobunzima uwenze abe ondaweni. **DWEBELA** undaweni emshweni wakho.

Isibonelo: (i) USizakele uhambe nomama wakhe baya **idolobha.**

(ii) USizakele uhambe nomama wakhe baya **edolobheni.**

4.1 Kuthiwa kulele iqhwa **__izintaba__** zasoKhahlamba.

4.2 NgoMgqibelo babeziqeqesha **__ulwandle__** abadlali bebhola

4.3 Akavumanga ukubika **__ubaba__** ngenkathi esehamba uSimtuse.

4.4 Amanzi besiwathuthela **__isigubh__**u izolo.


4.5 Kunamagundane amaningi egcekeni **__uMkhize.__**

**4.6** Ingane iwile yalimala **__umlomo.__**

**[6]**

5. Buka isithombe bese usebenzisa iziqu zesiphawulo ozinikeziwe ukuqedela imisho engenzansi ukuze ibenomqondo ophelele. **DWEBELA** isiphawulo.

-hlanu, -ncane, -ningi, -khulu, -fushane



**Isibonelo:** (i) Odongeni kulenga imigexo....(thathu)

(ii) Odongeni kulenga imigexo **emithathu.**

5.1 Kukhona abantu .....abazothenga izinto ezenziwe ngezandla.

5.2 Intombazane egqoke ibhulukwe.....ithatha isithombe.

5.3 Ubhasikidi ....awunalutho phakathi.

5.4 Isigubhu ....sibekwe eduze kwezigubhu ezincane.

5.5 Izinduku....zifakwe phakathi emgqonyeni.

**[10]**

**6.** Esikhundleni sezigaba zamabizo ezisezikokeleni bhala amabizo azokwenza imisho ibenomqondo ophelele. DWEBELA ibizo olibhalile.

**Isibonelo**: (i) Kungumqondo omuhle ukuzivulela (5) lakho.

(ii) Kungumqondo omuhle ukuzivulela **ibhizinisi** lakho.

6.1 Kuhle ukufundisa (10) zakho ukusebenza nawe uma unebhizinisi.

6.2 Yonke (4) oyenzayo kumele uyiqale kancane ukuze ubone impumelelo.

6.3 (9) oyitholayo kumele uyibeke ungavele uyidle yonke nje.

6.4 Kubalulekile ukuthi ungasibalekeli (7) ukuze ukwazi ukuzenzela amabhuku ebhizinisi lakho.

6.5 Kufanele ufundise (3) wakho ukuthi nawo uyiphathe kahle I

**[10]**

7. Shintsha amagama adwetshelwe akhomba ubuhlobo ubhale igama **ELILODWA.**

**Isibonelo:** (i) UNozipho uvakashele **ingane ezalwa umfowabo.**

(ii) umshana

7.1 **Indodakazi kamalume** isisebenza eShowe.

7.2 Ngizohamba **nodadewabo kababa** uma sengiyofuna isikole.

7.3 Umfowethu uthe uyobona **umama ozala inkosikazi yakhe** esibhedlela.

7.4 USiziwe uzophekela **ingane ezalwa udadewabo kamama wakhe** imifino.

7.5 Ubaba umeme **udadewabo kankosikazi wakhe** emcimbini wakhe.

**[10]**

8. Emishweni elandelayo shintsha amagama abhalwe ngokunzima uwenze abe ubuningi. Bhala igama **KUPHELA.**

**Isibonelo:** (i) Bekumenywe **intombazane** yodwa emgidweni.

(ii) **amantombazane**

8.1 Umama uphekise **insizwa** zodwa ekhaya namhlanje.

8.2 Thina sizovakashela **umkhulu** ngamaholidi ezayo.

8.3 Abangani bami bathi kufanele siphekele u**malume** wethu ngosuku lobaba.

8.4 Mina angithandi ukuhamba **nodadewethu** ngoba usalele namanje.

8.5 Ubaba akayithandi inyama **yesikhukhukazi.**

[5]

**ISAMBA [100]**